



Connect with stories

Encourage your children to be readers by helping them connect with the stories and books you read aloud to them. This is easy to do because children love to explore how the stories they read, relate to their own life experiences. They are also always eager to learn and know more about things they are interested in.




Here are some ideas for helping children connect to stories – before, during and after you have read them aloud.

BEFORE READING ALOUD

- ★ Talk about the front cover of the book. Ask your children what they think the story could be about.
- ★ Read the blurb on the back cover together. What does it tell you about the story? What does it make your children want to find out more about?
- ★ If the story is set in a real place, find the place on a map.

WHILE READING ALOUD

- ★ Allow time for your children to look at the pictures closely. Point out interesting details in the pictures.
- ★ Together with your children, make the sounds and movements of the characters in the stories – roar like a lion, hop like a rabbit, walk like a princess.
- ★ Use different voices for different characters.
- ★ Use facial expressions and gestures to act out a character you are reading about.



After reading aloud

- ★ Ask your children what part of the story they liked the most. Together with your children act out this part of the story. Encourage them to interpret it in their own way. Their interpretation does not have to be exactly the same as in the book.
- ★ Encourage your children to connect with the characters in the story by asking them to talk about a time when they felt the same way the character did, for example, angry, scared or sad.
- ★ Ask your children to think of other stories they know that are similar in some way to the story you have just read. Talk about the way that these stories are similar and different.
- ★ Talk about interesting facts or characteristics of any animals or places in the story, for example, in which parts of the world hyenas are found, what they like to eat and how long they live.
- ★ Even after reading time is over, pretend to be the story characters until bedtime, or for part of the following day.
- ★ Together, change the names of the characters in the story to the names of people you know. Then read the story again using these names.



Drive your
imagination



Xhumana ngezindaba

Khuthaza izingane zakho ukuthi zibe ngabafundi ngokuzisiza zixhumane ngezindaba nezincwadi ozifundela zona kuzwakale. Lokhu kulula ukukwenza ngoba izingane ziyathanda ukuhlaziya ukuthi izindaba ezizifundayo zihlobana kanjani nolwazi lwempilo yazo. Futhi zivamise ukulangazelela ukufunda nokwazi okwengeziwe ngezinto ezizithandayo.

Nawa amanye amasu okusiza izingane zakho ukuba zixhumane nezindaba – ngaphambili, ngesikhathi sokufunda nangemuva kokuthi usuzifundele kwezwakala.

NGAPHAMBI KOKUFUNDA KUZWAKALE

- ★ Khuluma ngekhava engaphambili yencwadi. Buza izingane zakho ukuthi zicabanga ukuthi indaba imayelana nani.
- ★ Fundani ngokuhlanganyela iqoqa lendaba elisekhaveni engemuva. Ngabe likutshelani mayelana nendaba? Yini eyenza izingane zakho zifune ukuthola kabanzi ngakho?
- ★ Uma ngabe indaba inesizinda esiyindawo yangempela, thola indawo ebalazweni.

NGESIKHATHI UFUNDA KUZWAKALE

- ★ Vumela isikhathi sokuthi izingane zakho zibhekisise izithombe. Khomba imininingwane ethakaselekayo esezithombeni.
- ★ Nindawonye nezingane zakho, yenzani imisindo kanye neminyakazo yabalingiswa abasezindabeni – bhonga njengebhushi, gxuma njengonogwaja, hamba njengenosazana.
- ★ Sebenzisa amazwi ahlukahlukene kubalingiswa abahlukahlukeni.
- ★ Sebenzisa imifanekiso yobuso kanye neminyakazo ukulingisa umlingiswa ofunda ngaye.

Ngemva kokufunda kuzwakale

- ★ Buza izingane zakho ukuthi iyiphi ingxenye yendaba eziyithanda kakhulu. Ukanye nengane yakho, lingisa le ngxenye yendaba. Ikhuthaze ukuthi iyihumusha ngendlela yayo. Ukuhumusha kwayo akudingekile ukuthi kufane ncamashi nokusencwadini.
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zixhumane nabalingiswa endabeni ngokuzicela ukuthi zikhulume ngesikhathi ezazizwa ngendlela efanayo njengomlingiswa, ukwenza isibonelo, ukuthukuthela, ukwesaba noma ukudumala.
- ★ Cela izingane zakho ukuba zicabange ngezinye izindaba ezizaziyo ezicishe zifane ngandlela thize nendaba eniqeda kuyifunda. Khulamani ngendlela lezi zindaba ezifanayo nezehlukile ngayo.
- ★ Khuluma ngamaqiniso athakaselekayo noma izimpawu zanoma yisiphi isilwane noma izindawo endabeni, ukwenza isibonelo, ukuthi zitholakala kuyiphi ingxenye yomhlaba izimpisi, zithanda kuphi ukudla nokuthi ziphila isikhathi esingakanani.
- ★ Ngisho nasemuva kokuphela kwesikhathi sokufunda, yenzani sengathi ningabalingiswa bendaba kuze kufike isikhathi sokulala, noma ingxenye yosuku olulandelayo.
- ★ Nindawonye, guqulani amagama abalingiswa endabeni abe ngamagama abantu enibaziyo. Emva kwalokho phinda ufunde indaba usebenzisa la magama.



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Get creative!

Making books with children is a great way to help them understand the link between reading and writing. You can make simple books, like the cut-out-and-keep books in the supplement, or books that will last longer. Here are some ideas to try.

Create a story

1. Invite your children to tell you or a friend a story.
2. Then let them plan which part of the story they will put on each page of their book.
3. Give each child a blank book, and invite them to write and illustrate their story. Remember that the children can illustrate their stories in different ways, for example, by drawing pictures, pasting in photos and pasting in things like tickets, pieces of fabric, invitations or small, flat objects.



Veza ubuciko bakho!

Ukwenza izincwadi nezingane yindlela enhle yokuzisiza ukuba ziqondise ukuxhumana phakathi kokufunda nokubhala. Ungazenza izincwadi ezilula nje, njengezincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina kusithasiselo, noma izincwadi ezizohlala isikhathi eside. Nayi imibono eminye ongayizama.

Sungula indaba

1. Mema izingane zakho ukuba zikuxoxele noma zixoxele umngani indaba.
2. Emva kwalokho mazihlele ukuthi iyiphi ingxenye yendaba ezizoyibeka ekhasini ngalinye lencwadi yazo.
3. Nikeza ingane ngayinye incwadi engenalutho, bese uyimema ukuthi ibhale bese idweba imifanekiso yendaba yayo. Khumbula ukuthi izingane zingakwazi ukwenza imidweba yezindaba zazo ngezindlela ezahlukene, ukwenza isibonelo, ngokudweba izithombe, ngokunamathisela izithombe kanye nokunamathisela izinto ezifana namathikithi, iziqephu zendwangu, izimemo noma izinto ezincane, eziyisicaba.

Make a book cover

Yenza ikhava yencwadi

1.



1. Cut out two sheets of thin cardboard for the front and back cover. Each sheet should be a bit bigger than the pages of your book.

2.



1. Sika ukhiphe iziqephu ezimbili zekhadibhodi elilula ukwenza ikhava yangaphambili neyangemuva. Isiqephu ngasinye kufanele sibe sikhudlwana nje kunamakhosi encwadi yakho.

2. Cut out two pieces of pretty paper, or use blank paper and decorate it to suit what your story is about. Each piece of paper should be longer and wider than the cardboard in (1). Then place one piece of pretty paper face-down and paste a sheet of the cardboard from (1) in the middle. Repeat this with the other sheet of pretty paper and cardboard.

2. Sika ukhiphe iziqephu ezimbili zamaphepha amahle, noma usebenzise iphepha elingenalutho futhi ulihlobise ukuze lihambisane nokuthi indaba yakho imayelana nani. Isiqephu ngasinye sephepha kufanele sibe sidana futhi sibe banzana kunekhadibhodi (1). Emva kwalokho beka isiqephu esisodwa sephepha elihle libheke phansi bese unamathisela isiqephu sekhadibhodi loku-(1) phakathi nendawo. Phinda lokhu nesiqephu sephepha elihle kanye nekhadibhodi.

3.



3. Fold in the corners of the pretty paper and glue them down.

3. Songa emakhoneni ephepheni elihle bese uwanamathisela ndawonye.

4.



4. Fold in the sides of the pretty paper and glue them down.

4. Songela ngaphakathi izinhlangothi zephepha elihle bese uzinamathisela phansi.

5.



5. Cut out two sheets of paper to go on the inside of the pretty paper. Glue them down onto each cover.

5. Sika ukhiphe iziqephu ezimbili zephepha ukuze zingene ngaphakathi kwephepha elihle. Zinamathisele phansi elinye phezu kwelinye.

Bind the book

Hlanganisa incwadi

1.



1. Put the story pages inside the covers. Clip the covers and pages in place with pegs or clips.

1. Beka amakhosi endaba ngaphakathi kwamakhava. Qhanela amakhava kanye namakhosi endaweni efanele ngamaphekisi noma ngezincingo zokugqanela.

2.



2. Make two holes along the left side of your book a little way from the top and bottom edges.

2. Yenza izimbobo ezimbili ulandele uhlangothi lwesokunxele lwencwadi yakho indawana encane ukusuka emachosheni, elingenhla nelingezansi.

3.



3. Thread a long piece of ribbon, string or wool through the holes a few times. Leave enough ribbon on the one side of your book to tie a bow.

3. Thungela isiqephu esikhulu seribhini, intambo noma uvalo ukufake embotsheni izikhathi ezimbalwa. Yekela iribhoni elanele engxenyeni yencwadi ukuze ukwazi ukulibopha kahle.

4.



4. Tie the two pieces of ribbon in a knot and then tie a bow. Write the title of your story, as well as the name of the author and illustrator on the front cover.

4. Bopha iziqephu ezimbili zeribhoni zibe yifindo bese ubopha ngomucu. Bhala isihloko sendaba yakho, kanjalo negama lombhali nomdwebi wemifanekiso ekhaveni engaphambili.

Photos/Izithombe: Chélan Naicker



Drive your imagination

Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

About Hope


Age: 10

Friends: Neo, Josh

Favourite fruit: bananas

Favourite sport: karate

Books she likes: novels about the daily lives of children her own age, and information books about wild animals or karate



Qoqa abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika ukhiphe bese ugcina bonke abalingiswa obakhonzile bakwaNal'ibali bese ubasebenzisa ukuzakhela izithombe, amaphosta, izindaba noma yini-ke okunye ongakucabanga okungokwakho!

Mayelana noHope

Iminyaka yobudala: 10

Abangani: uNeo, uJosh

Isithelo asikhonzile: ubhanana

Umdlalo awukhonzile: ikarate

Izincwadi azithandayo: amanoveli amayelana nempilo yansuku zonke yezingane zeminyaka yobudala elingana naye, kanye nolwazi lwezincwadi mayelana nezilwane zasendle noma ikarate

Here's an idea ...

- ✂ Cut out and colour in the picture of Hope and then paste it on a large sheet of paper. Next draw a thought bubble above Hope's head. Then draw a picture inside the thought bubble to show Hope thinking about competing in her next karate competition.
- ✂ Keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nal'ibali characters, use them to create your own Nal'ibali poster!

Nawu umbono ...

- ✂ Sika ukhiphe bese ufaka umbala isithombe sikaHope bese usinamathisela esiqeshini esikhulu sephepha. Okulandelayo, dweba ibhamuza lomcabango ngaphezu kwekhanda likaHope. Emva kwalokho udweba isithombe phakathi kwebhamuza lomcabango ukukhombisa ukuthi uHope ucabanga ngokuncintisana emncintiswaneni wakhe olandelayo womkhalambazo.
- ✂ Gcina isithombe endaweni ephephile kuthi uma usuqoqe bonke abalingiswa bakwaNal'ibali, ubasebenzise ukuzenzela eyakho iphosta yakwaNal'ibali!

Reading club corner



Ikhona lethimba lokufunda

One way to bring stories to life at your reading club, is to turn stories into plays! You can either work on one story altogether, or divide the children into smaller groups to work on different stories. Follow the steps below and have fun!



Indlela eyodwa yokwenza izindaba ziphile ethimbeni lakho lokufunda, wukwenza izindaba zibe yimidlalo! Kuphakathi kokuthi ningasebenza endabeni eyodwa ngokuhlanganyela, noma wehlukalise izingane zibe ngamaqoqo amancanyana ukuthi zisebenze ngezindaba ezahlukene. Landela izinyathelo ezingezansi bese uthokoza!

1. Choose the right story

- ★ Find a story that is not too long and has plenty of action in it.
- ★ Make sure that the story has opportunities for the children to use actions and their voices to tell the story.
- ★ Stories with some rhyme and passages that are repeated are good to use, for example: *I'll huff and I'll puff and I'll blow your house down.*

2. Explore the story together

- ★ Read the story to the children and show them the pictures as you read.
- ★ Ask the children to suggest ways to show different actions in the story, for example, trees swaying in a storm, an angry character thumping her fists, or a scared character hiding from danger. Try out the actions together.

3. Organise the groups

- ★ Invite two or more children to be the narrators. They will read or tell the story while other children act it out.
- ★ Invite some children to play the characters. If you can, use simple costumes, such as a hat, scarf or piece of fabric.
- ★ Children who are not narrators or characters can be part of the special effects team. They can work together to use their bodies to create sound effects, for example: thunder, rain or animals galloping. Or they can represent objects or places in the story, for example: a flower, a box, a cave or a house.

Now you're ready to begin – enjoy retelling the story as a play!

1. Khetha indaba efanele

- ★ Thola indaba engeyinde kakhulu futhi enokunyakaza okuningi kuyo.
- ★ Qinisekisa ukuthi indaba inamathuba okuthi izingane zisebenzise iminyakazo kanye namaphimbo ukuxoxa indaba.
- ★ Izindaba ezinemvumelwano kanye neziqephu eziphindaphindwayo kuhle ukuthi kusetshenziswe, ukwenza isibonelo: *Ngizowathatha la mathatha, ngiwathintithe ayek' ukuthithiza.*

2. Hlaziyani indaba ndawonye

- ★ Fundela izingane indaba bese uzikhombisa izithombe ngesikhathi ufunda.
- ★ Cela izingane ziphakamise izindlela zokukhombisa okwenzekayo endabeni, ngokwesibonelo, izihlahla ezinyakaziswa yisiphepho, umlingiswa othukuthele oshaya inqindi yakhe, noma umlingiswa owesabayo ocashela ingozi. Zamani iminyakazo ndawonye.

3. Hlela amaqoqo

- ★ Mema izingane ezimbili noma ngaphezulu ukuthi zibe ngabaxoxi bezindaba. Zizofunda noma zixoxe indaba ngesikhathi izingane ziyilingisa.
- ★ Mema ezinye izingane ukuthi zidlale umlingiswa ngamunye. Uma ungase ukwazi ukwenza, sebenzisa impahla yokugqoka elula nje, njengesigqoka, isikhafu noma isiqephu sendwangu.
- ★ Izingane ezingabona abaxoxi bezindaba noma abalingiswa bangaba yingxeny yethimba elenza imisindo elikhethekile. Zingasebenza ngokuhlanganyela ukusebenzisa imizimba yazo ukwakha imisindo, ukwenza isibonelo: ukuduma kwezulu, imvula noma izilwane ezigijimayo. Noma zingenza izinto noma izindawo endabeni, isibonelo: imbali, ibhokisi, iwa noma indlu.

Manje usukulungele ukuqala – thokozela ukuphinda uxoxe indaba njengomdlalo!

Nal'ibali news

Nal'ibali has launched a new project called, **Story Power in Motion**, which will see four tuk-tuk mobile libraries visiting selected townships in KwaZulu-Natal, the Eastern Cape, the Western Cape and Gauteng.

Loaded with books, stories and other reading materials, these colourful libraries will promote reading for enjoyment and also increase access to books for those living beyond the easy reach of a public library. In addition, they will offer fun public literacy events. Each mobile-library driver is a trained Nal'ibali Literacy Mentor. They will help children select books and will also do literacy-related activities with them, such as telling stories and singing songs.

At the launch of the project in each province, community members were able to find out more about the mobile libraries, including information about their set weekly route and when they will be visiting the area. Nal'ibali Supplements and brochures were handed out to those attending the launches.

"We believe every child should have the opportunity to reach their potential by falling in love with books and stories," said Nompumelelo Prusent, Head of Programmes at Nal'ibali. "This year alone we hope to reach at least 4 000 adults and children through events hosted by our mobile libraries, and we hope to sign up a further 2 000 library members."

Izindaba zikaNal'ibali

UNal'ibali wethule iphrojekthi entsha ebizwa ngokuthi, **i-Story Power in Motion**, ezobona amatuk-tuk amane ayimitapo yezincwadi engomahamba nendlwana emalokishini akhethiwe KwaZulu-Natali, eMpumalanga Koloni, eNtshonalanga Koloni kanye naseGauteng.

Isigcwaliswe ngezincwadi, izindaba nezinye izinto zokufunda, le mitapo yezincwadi izothuthukisa ukufundela ukuzithokozisa iphinde ikhulise ukuthola izincwadi kulabo abahlala kude nalapho kutholakala khona imitapo yezincwadi yomphakathi. Ngaphezu kwalokho, izokwazi ukunikezela ngemicimbi ethokozisayo yomphakathi yokufunda nokubhala. Umshayeli ngamunye womtapo wezincwadi ongumahamba nendlwana unguMelekeleli oqeqeshiwe wokuFunda Nokubhala wakwaNal'ibali. Bazosiza izingane zikhethe izincwadi futhi zenze imisebenzi ehlobene nokufunda nokubhala kanye nazo, njengokuxoxa izindaba nokucula izingoma.

Ngesikhathi sokwethulwa kwephrojekthi esifundazweni ngasinye, amalungu omphakathi abekwazi ukuthola kabanzi mayelana nemitapo yezincwadi engumahamba nendlwana, sekuhlanganisa ulwazi ngohlelo oluhleliwe lwesonto nokuthi azoyivakashela nini indawo. Izithasiselo zikaNal'ibali kanye nezincwajana zolwazi zanikezelwa kulabo abebekhona ngesikhathi sokwethulwa.

"Sikholwa wukuthi yonke ingane kufanele ibe nethuba lokufinyelela emandleni alokho engakwenza ngokuthanda izincwadi nezindaba," kwasho uNompumelelo Prusent, oyinhloko Yezinhlelo kwaNal'ibali. "Nonyaka nje kuphela, sithemba ukuthi sizofinyelela okungenani kwabadala nezingane abayizi-4 000 ngemicimbi ezophathwa yimitapo yethu yezincwadi engomahamba nendlwana, futhi sithemba ukuthi sizokwazi ukubhalisa amanye amalunga omtapo wezincwadi ayizi-2 000."



One of the new tuk-tuk mobile libraries at the launch in Orlando West, Soweto.

Eyodwa yamasha amatuk-tuk ayimitapo yezincwadi engomahamba nendlwana e-Orlando West, eSoweto.



Handing out the Nal'ibali Supplement at the launch.

Kunikezelwa ngeSithasiselo sikaNal'ibali ngesikhathi sokwethula.




Create TWO cut-out-and-keep books

Clever Busy Bee

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

Yes, Yanga!

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

UNYosi Ohlakaniphile Omatasatasa

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.


Nakho-ke Yanga!

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.



Drive your imagination






A batter gets a run when they hit the ball and run to the other side of the pitch. But the bowlers don't want the batters to get any runs! They want them OUT!

Obhethayo uthola umgijimo uma eshaya ibhola bese egijima eya kolunye uhlangothi lwenkundla. Kodwa ababhawulayo abafuni ababhethayo bathole nanoma yimuphi umgijimo, babafuna nje BEPHUMILE!

Njengo3 Thini, ikhlikithi inamathimba amabili: ababhethayo nababhawulayo. Ababhethayo bafuna ukuthola amaphuzu amaningi ngokwenza imigijimo eminingi.



Just like 3 Tins, cricket has two teams: the batters and the bowlers. The batters want to make the highest score by making the most runs.



Yes, Yanga! Nakho-ke Yanga!

Refiloe Moahloli
Mogau Kekana



This story is a special adaptation of *Yes, Yanga!*, published by Pan Macmillan and available in bookstores and online from www.panmacmillan.co.za. *Yes, Yanga!* is available in English and isiXhosa. To find out more about this and other Pan Macmillan titles for children, go to www.panmacmillan.co.za.

Le ndaba iyinguqulelo ekhethekile yendaba ethi, *Yes, Yanga!* eshicilelwe ngabakwaPan Macmillan futhi iyatholakala ezitolo zezincwadi kanye nakuzizindalwazi ku-www.panmacmillan.co.za. U-*Yes, Yanga!* utholakala ngesiNgisi nangesiXhosa. Ukuthola kabanzi mayelana nalokhu kanye nezinye izincwadi zezingane zakwaPan Macmillan, hamba ku-www.panmacmillan.co.za.

 **PAN MACMILLAN**
www.panmacmillan.co.za

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



**Drive your
imagination**

“Hey, Yanga, do you know there’s a game called cricket. It’s a bit like 3 Tins, but they don’t use tins. They use poles, which they call wickets. Maybe you should try it.”

There is nothing Yanga loves more than a challenge.

“What’s it called, Nandi?”

“C-RIC-KET! Come, let’s go watch it on TV.”



“We Yanga, ngabe uyazi ukuthi kukhona umdlalo okuthiwa yikhilikithi? Ucishe ufane nje no3 Thini, kodwa abasebenzisi amathini. Basebenzisa izigxobo, abazibiza ngamawikhethi. Mhlawumbe kufanele uwuzame.”

Ayikho into uYanga ayithanda ukwedula inselelo.

“Ubizwa ngokuthini, Nandi?”

“I-KHI-LI-KI-THI! Woza, masihambe siyoyibuka kumabonakude.”



Yanga is a 3 Tins champion. He has amazing skill!

UYanga ngumpetha womdlalo ka3 Thini. Unekhono elimangalisayo!

A batter is out if they miss the ball that is bowled to them and it knocks over the wicket. Just like the ball knocks over the tins.

“Hey, Nandi! I could do this. I could be on TV!”

“Let’s go to my school, Yanga, cricket is one of our sports.”


There is nothing Yanga loves more than a challenge. So off they went to Nandi’s school.

Obhethayo uyaphuma uma egeja ibhola aphonselwa lona bese lishaya izindukwana okuthiwa yiwikhethi. Njengoba nje ibhola lisuke lishaya amathini.


“We, Nandi! Ngingakwenza lokhu. Ngingaba kumabonakude!”

“Masihambe siye esikoleni sami, Yanga, ikhilikithi ngomunye wemidlalo yethu.”

Ayikho into uYanga ayithanda ngaphezu kwenselelo. Ngakho-ke bahamba baya esikoleni sikaNandi.



Ekhaya, uNandi nabo bonke abanye bakikiza futhi badansa phambi kukamabonakude. UYanga ungumpetha ka3 Thini! UYanga ungumpetha wekhilikithi!




Izingane ezilingana naye ngeminyaka zaba ngezokugala ukufuna adale. UYanga wafunda ukubhetha. Kodwa ikakhulukazi wayezijwayeza ukuphonsa. Aphinda awa amawikhethi!

The kids his age were the first to want him to play. Yanga learned to bat. But mostly he practised his bowling. And the wickets tumbled!




One day, Nandi had an idea ...

Ngolunye usuku, uNandi wafikelwa yicebo ...



At home, Nandi and everyone else ululated and danced in front of the TV. Yanga is a 3 Tins champion! Yanga is a cricket champion!






After that, the school's first team wanted him to play. And the wickets tumbled! The teachers were amazed.

Ngemuva kwalokho, iqembu lokugala lesikole lafuna ukuthi adlale. Aphinda awa amawikheithi! Othisha bamangala.




“Liphonse thina simi endleleni yakho.”
Aphinde awe amathini!
Kanti nhloboni yengane le? Inekhono elimangazayo. Wonke umuntu olapha uyazi ngo Yanga. Noma ngubani angabizwa ukuthi azomphonsela inselelo. Azophinda awe amathini!



We try and make it harder when he plays. Nothing ever works.
“Dude. Throw the ball from far.”
And the tins tumble!





... and into the hive. Busy Bee makes
honey with the pollen it collected from the
beautiful flowers.
... magede asho phakathi endlini yezinyosi.
UNyosi Omatasatasa wenza uju ngempova
ayiqoge ezimbalini ezinhle.

Egqumeni elincane eliyindilinga, phakathi
kwamadwala kunomfantu omncane. UNyosi
Omatasatasa andize angene emfantwini...



On a small round hill between the rocks
there is a tiny crack. Busy Bee buzzes
through the crack...

Clever Busy Bee

UNyosi Ohlakaniphile Omatasatasa



Reproduced by kind permission of The Little Hands Trust
and the Project for the Study of Alternative Education in
South Africa (PRAESA). To find out more about PRAESA, go
to www.praesa.org.za.

Ikhiqizwe kabusha ngomusa wemvume yabakwaThe
Little Hands Trust kanye nabakwaProject for the Study of
Alternative Education in South Africa (PRAESA). Ukuthola
kabanzi ngabakwaPRAESA, iya ku-www.praesa.org.za.



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment
campaign to spark and embed a culture of reading
across South Africa. For more information, visit
www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela
ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa
isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana.
Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela
ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

*Awebahe Johannes Hoeseb
Brendan Ruiters
Danisile Ntuli*

UNyosi Omatasatasa uqoka impova ezimbalini magede andize. *Bhu-u...*



Busy Bee collects pollen from the flowers and buzzes away. *Bzzz...*

Beautiful flowers grow in our garden.

Izimbali ezinhle zimila engadini yethu.



Busy Bee buzzes up to the flowers. *Bzzz...*

UNyosi Omatasatasa andize aye ezimbalini. *Bhu-u...*

UMel udla amasameshi amnandi. Uthi ungagagela nje ukuthi kunani esinkweni? Ujamu na? Ushizi na? Ibhotela na? Cha, ku- ...




Mel is eating a delicious sandwich. Can you guess what is on the bread? Is it jam? Is it cheese? Is it butter? No, it's ...


... honey.
Clever Busy Bee!



... noju.
Ave uhlakaniphile Nyosi Omatasatasa!



“Throw it with us standing in your way.”
 And the tins tumble!
 What kind of child is this? He has amazing
 skill. Everyone around here knows about Yanga.
 Anyone can be called to challenge him, and the
 tins tumble.



Siyazama ukwenza u3 Thini ube lukhunyana
 uma edlala. Konke akusizi ngalutho.
 Noma sithi: “Mngani! Phonsa ibhola ukude.”
 Aphinde awe amathini!



Next came the professionals visiting
 their school. Tumble, tumble, tumble once
 again! What kind of child is this? He has
 amazing skill.
 That is how the story of Yanga came to
 be, how he became a man amongst men.

Ngokulandelayo kwafika abadlali
 abakhokhelwayo esikoleni sakhe. Awa,
 awa, awa futhi! Nhloloni yengane le?
 Unehono elimangazayo.
 Ihamba kanjalo indaba yokuvelela
 kukaYanga, ukuthi waphenduka kanjani
 indoda emadodeni.

Yanga went in to bowl. Tumble went the
 first wicket. Tumble went the second. Tumble,
 tumble, tumble ... the wickets fell until the
 batsmen were all OUT!

Yanga jumped high into the air. He was so
 happy he kissed the ground. His team ran up and
 jumped all over him. The reporters crowded all
 around him. The fans roared.


UYanga wangena wayophonsa. Yawa
 iwikhethi yokuqala. Yawa eyesibili. Awa, awa,
 awa ... amawikhethi awa kwaze kwabe bonke
 ababhethayo SEBEPHUMILE!

UYanga wagxuma
 waya phezulu emoyeni.
 Wayejabule ngendlela
 yokuthi waqabula umhlaba.
 Iqembu lakhe lagijima
 lonke lagxumela phezu
 kwakhe. Izintatheli
 zezindaba zagijima zonke
 zamzungeza. Abalandeli
 bavele bachwaza.





“Liphonse uvale iso elilodwa.”
Aphinde awe amathini!




“Throw it with one eye closed.”
And the tins tumble!

Wakhethwa ukuthi adlalele iqembu lesizwe.
Iqembu landiza liya emazweni emhlabeni wonke.
Kuwo wonke amazwe ababewavakashela,
kwakulandela ukuwa kwamawikhethi!
Ngemuva kokuwina kangingi nokwehlulwa
kambalwa, iqembu lafinyelela kowaMangamu
Wendebe Yomhlaba. Kwakwethusa.



He was selected to play for the national team.
The team flew to countries all over the world. All
the countries they visited, tumbling of wickets
would follow!
After many wins and some losses, the team
made it to the World Cup Final. It was terrifying.
It was also exciting. The national team was ready
to do their best. But it did not start well. The other
team was making too many runs. Far too many.
“Hey, Yanga, we are in trouble. What can you
do for us, big man?”
“We need to get those batsmen out, there is no
other way. They must go OUT.”
As we know ... there is nothing Yanga loves
more than a challenge.

Kwakuthokozisa futhi. Iqembu lesizwe
lalikulungele ukwenza kahle kakhulu. Kodwa
akuqalanga kahle. Leli elinye iqembu lalenza
imigijimo eminingi. Eminingi kakhulu.
“Hhayi bo Yanga, sisenkingeni. Ungasenzelani
mfana omdala?”
“Sidinga ukuthi siwakhiphe la madoda abhethayo,
ayikho enye indlela. Kumele APHUME.”
Njengoba sazi ... ayikho into uYanga
ayithanda ngaphezu kwenselelo.



Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Na'ibali Supplement: *Yes, Yanga!* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12), *Clever Busy Bee* (pages 9 and 10) and *Dog* (page 14).



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNa'ibali: *Nakho-ke Yanga!* (amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12), *UNyosi Ohlakaniphile Omatasatasa* (amakhasi 9 nele-10) kanye nethi, *UNja* (ikhasi le-15).

Yes, Yanga!

- ★ Have you ever played the game, 3 Tins? Do you enjoy it? (If you haven't, why don't you try it?) What other games do you enjoy playing with your friends?
- ★ Imagine that Yanga and Nandi will be interviewed on the news. What questions do you think the news reporter will ask? What answers do you think Yanga and Nandi will give? Act out the interview with some friends.



Nakho-ke Yanga!

- ★ Wake wawudlala umdlalo ka3 Thini? Uyawuthokozela? (Uma ungakaze uwudlale, kungani ungawuzami?) Yimiphi eminye imidlalo oyithokozela ukuyidlala nabangani bakho?
- ★ Ake ucabange ngokuthi uYanga noNandi bazobuzwa imibuzo ezindabeni. Yimiphi imibuzo ocabanga ukuthi intatheli yezindaba ingayibuza? Yiziphi izimpendulo ocabanga ukuthi uYanga noNandi bangazinikeza? Lingisani ukuphendulana ninabanye babangani.



Clever Busy Bee

- ★ Use toilet rolls, paper, glue, toothpicks, yellow paint and black paint to make a bee. Cut out the shape of the bee's wings, paint them and, when they are dry, glue them to the toilet roll. Paint the toothpicks black and add them to the bee to create its feelers.
- ★ Go outside and look at different flowers. Touch the flowers' anthers lightly and notice how the pollen rubs off onto your fingers.
- ★ What sounds do bees and other insects make? (Did you know that some insects make sounds that we can't hear?) Play a game where one of you makes an animal sound and then everyone else tries to guess which animal you are pretending to be.
- ★ In the story, Mel likes honey on her sandwich. What is your favourite filling? Make a sandwich using your favourite filling – and enjoy eating it!



UNyosi Ohlakaniphile Omatasatasa

- ★ Sebenzisa izigaqa zephepha lasendlini encane, iphepha, isinamathelisi, izinti zokuvungula, upende ophuza nopende omnyama ukwenza inyosi. Sika ukhiphe isimo samaphiko enyosi, apende bese, uma sewomile, uwanamathisele esigaqeni sepheshana lasendlini encane. Penda izinti zokuvungula zibe mnyama bese uzifaka enyosini ukwenza izimponjwana zayo.
- ★ Phumela phandle ubheke izimbali ezahlukahlukene. Thinta amantha ezimbali kancane bese uqaphela ukuthi impova isalela kanjani eminweni yakho.
- ★ Ngabe misindo mini eyenziwa yizinyosi kanye nezinye izinambuzane? (Uthi ubuwazi ukuthi ezinye izinambuzane zenza imisindo esingekwazi ukuyizwa?) Dlalani umdlalo lapho omunye wenu enza khona umsindo wesilwane bese wonke omunye umuntu ezama ukuqagela ukuthi yisiphi isilwane ozama ukuba yisona.
- ★ Endabeni, uMel uthanda uju esemishini lakhe. Yini okhonze ukukufaka? Yenza isemishi usebenzisa okokugcoba okuthandayo – bese uthokozela ukulidla!

Dog

- ★ Use clay or playdough to create the characters in the story, or draw your own pictures of them and cut them out. Use your characters to retell the story in your own way!
- ★ Do you know of any other stories that have both animals and people in them? What happens in these stories? Are there any similarities to this story?



UNja

- ★ Sebenzisa ubumba noma inhlama yokudlala ukwakha abalingiswa abasendabeni, noma uzidwebele ezakho izithombe zabo bese uzisika uzikhipha. Sebenzisa abalingiswa bakho ukuxoxa kabusha indaba ngendlela yakho!
- ★ Ngabe uyazi ngezinye zezindaba ezinakho kokubili izilwane kanye nabantu? Kwenzekani kulezi zindaba? Ngabe kukhona okufanayo nale ndaba?





Dog



By Kai Tuomi Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood

When the world was young, Dog was a wild thing. He spent his days wandering the land alone. At night he lay his head on his fuzzy paws and kept guard over his cave.

Nobantu, the first woman, lived in a small hut near Dog's cave. One evening as she walked home, Nobantu saw Dog with his head on his fuzzy paws, sleeping with one eye open, and she felt sorry for him.



"I wonder what I can do to help Dog?" she thought. "He looks so lonely."

As Nobantu thought about a plan, Dog woke up and barked at her.

"Dog," she called out, "you are an excellent guard."

"Yes," Dog growled, "I'm the best guard in the whole bushveld. My ears are so good that I can hear the smallest noise, my eyes can see in the dark, and I always sleep with one eye open."

"Amazing," said Nobantu. "Could you please teach me how to be a good guard? Come to my hut tomorrow at sunset. If you do, I'll give you a hot meal to eat."

Dog had never eaten a hot meal before, but it sounded good.

At sunset the following day, Dog came wandering through the bushveld towards Nobantu's hut. He greeted her and growled, "Now you must watch what I do. I'll teach you how to be a good guard."

Then Dog lay down outside Nobantu's hut, with his head on his fuzzy paws. He fell asleep with one eye open.

That night he chased away a few wild animals. In the morning Nobantu brought him a hot meal in an old tin bowl.

"Here you go," said Nobantu.

Dog gobbled up the meal.

"Did I teach you how to be a good guard?" he barked.

"I think I've nearly got it," answered Nobantu with a smile, "but maybe you could show me again tonight. If you do, I'll give you a hot meal AND I'll make a little bed for you to sleep on."

Dog licked his lips. The hot meal had been delicious, and he'd never slept on a little bed before.

At sunset, Dog came wandering through the bushveld towards Nobantu's hut. Just as she had promised, there was a little bed waiting for him. It was soft and comfortable – much more comfortable than a cave floor – and Dog fell asleep immediately with one eye open.

That night he chased away a few wild animals. In the morning Nobantu brought him a hot meal in an old tin bowl.

"Here you go," said Nobantu.

Dog gobbled up the meal.

"Did I teach you how to be a good guard?" he barked.

"I think I've nearly got it," answered Nobantu with a smile, "but maybe you could show me again tonight. If you do, I'll give you a hot meal, you can sleep on the little bed again, AND I'll scratch your back."

Dog licked his lips. The hot meal had been delicious, and the little bed was comfortable – much more comfortable than a cave floor – and he'd never had anyone scratch his back before.

At sunset, Dog came wandering through the bushveld towards Nobantu's hut. He lay down on the little bed. Nobantu sat next to him and scratched his back. What a wonderful feeling! Dog barked with happiness, then fell asleep on the little bed with one eye open.

That night he chased away a few wild animals. In the morning Nobantu brought him a hot meal in an old tin bowl. Dog gobbled up the meal.

"You know, Nobantu," Dog barked, "for three nights in a row I've tried my best to teach you how to be a good guard, but you don't seem to get it at all. I don't think you'll ever learn how to do it."

"I won't?" asked Nobantu with a smile.

"No, I don't think so," answered Dog. "The problem is that you sleep inside, your ears are too small, and you can't see in the dark. So, I have a better idea. Instead of me teaching YOU how to be a good guard, I could just guard your hut for you. In return you can feed me, give me a bed to sleep on and scratch my back."

"And what about playing?" asked Nobantu.

"Playing?" frowned Dog.

Nobantu showed Dog how to play with a stick. It was wonderful!



When they were done, they agreed that Dog would stay and be Nobantu's guard dog.

As the sun set that night, Dog fell asleep on his little bed with a smile on his face, and both his eyes closed.

And that is how he and his children, and their children's children came to live with people, and that's why dogs are no longer wild things that wander the bushveld and sleep in caves all alone.



Drive your
imagination



NguKai Tuomi ■ Imidwebo nguJiggs Snaddon-Wood

Ngesikhathi umhlaba usemncane, uNja kwakuyinto yasendle. Wayechitha izinsuku zakhe ezulazula ezweni yedwa. Ebusuku wayelalisa ikhanda lakhe phezu kwezidladlana zakhe ezehlukile bese ehlola umgede wakhe.

UNobantu, owesifazane wokuqala, wayehlala eqhugwaneni elincane eduze komhume kaNja. Ngobunye ubusuku ngesikhathi ehamba eqonde ekhaya, uNobantu wabona uNja nezidladla zakhe ezehlukile nje, elele evule iso elilodwa, wamdabukela.



“Angazi ukuthi yini engingayenza ukuze ngisize uNja?” ecabanga. “Ubukeya enesizungu.”

Ngesikhathi uNobantu ecabanga ngecebo, uNja wavuka wase emkhonkotha.

“We Nja,” kumemeza yena, “ungumqaphi omuhle kakhulu.”

“Yebo,” kugwavuma uNja, “Ngingumqaphi omuhle kunabo bonke kulo lonke ihlanze. Amadlebe ami abukhali kakhulu ngangokuthi ngingezwa ngisho umsindo omncane kakhulu, amehlo ami akwazi ukubona ebumnyameni, futhi ngihlala ngilala ngivule iso elilodwa.”

“Kuyamangalisa,” kwasho uNobantu. “Ungangifundisa ukuthi ngingaba kanjani wumqaphi omuhle ngiyacela bandla? Woza eqhugwaneni lami kusasa ngokushona kwelanga. Uma wenza lokho, ngiyokunikeza ukudla okufudumele ukuze udle.”

UNja wayengakaze akudle ukudla okushisayo ngaphambilini, kodwa kwakuzwakala kukuhle.

Ngokushona kwelanga ngosuku olulandelayo, uNja weza ephuphuthaka esikhotheni eqonde eqhugwaneni likaNobantu. Wambingelela wase egwavuma, “Manje kufanele ubheke engikwenzayo. Ngizokufundisa ukuba wumqaphi omuhle.”

Emva kwalokho uNja walala phansi ngaphandle kweqhugwane likaNobantu, nekhandla lakhe liphezu kwezidladla zakhe ezehlukile. Walala neso elilodwa livuliwe.

Ngalobo busuku waxosha izilwane zasendle ezimbalwa. Ekuseni uNobantu wamlethela ukudla okushisayo ngesitsha sethini esidala.

“Nakho-ke,” kusho uNobantu.

UNja wakugwinya wakuqeda ukudla.

“Ngabe ngikufundisile ukuthi ube wumqaphi omuhle?” ekhonkotha.

“Ngicabanga ukuthi ngicishe ngakwazi,” kuphendula uNobantu ngokumamatheka, “kodwa mhlawumbe ungangikhombisa futhi namuhla ebusuku. Uma ukwenza lokho, ngizokunika isidlo esishisayo FUTHI ngizokwakhela umbhejana ukuze ukwazi ukulala kuwo.”

UNja wakhotha izindebe zakhe. Isidlo esishisayo sasikade simnandi, futhi wayengakaze alale embhedeni omncane ngaphambilini.

Ngokushona kwelanga, uNja weza ephuphuthaka ehlanzeni ebheke ngaseqhugwaneni likaNobantu. Njengalokhu ayethembisile, kwakukhona umbhejana owawulindele uNja. Wawuthambile futhi unethezekile – unethezeke ngaphezudlwana kwephansi lomhume – uNja wazunywa ubuthongo ngokushesha evule iso elilodwa.

Ngalobo busuku waxosha izilwane zasendle ezimbalwa. Ekuseni uNobantu wamlethela isidlo esishisayo ngesitsha sethini esidala.

“Nakho-ke,” kwasho uNobantu.

UNja wakugwinya wakuqeda ukudla.

“Ngabe ngikufundisile yini ukuba wumqaphi omuhle?” ekhonkotha.

“Ngicabanga ukuthi ngicishe ngakuthola,” kuphendula uNobantu emamatheka, “kodwa mhlawumbe ungangikhombisa futhi namuhla ebusuku. Uma ukwenza lokho, ngizokunika ukudla okushisayo, ubuye ukwazi ukulala embhejaneni futhi, FUTHI ngizokwenwaya emhlane.”

UNja wakhotha izindebe zomlomo wakhe. Ukudla okushisayo bekungeve kumnandi, umbhejana ubunethezekile – unethezeke kakhudlwana kunephansi lomhume – futhi akakaze nje enwaywe emhlane phambilini.

Ngokushona kwelanga, uNja weza ephaphatheka echusha ehlanzeni ebheke ngaseqhugwaneni likaNobantu. Walala phansi embhedeni omncane. UNobantu wahlala eduze kwakhe wayesemenwaya emhlane wakhe. Kwaze kwamnandi bo! UNja wakhonkotha ngenjabulo, emva kwalokho wazumeke embhedeni omncane neso elilodwa libhekile.

Ngalobo busuku waxosha izilwane zasendle ezimbalwa. Ekuseni, uNobantu wamlethela ukudla okushisayo ngesitsha sethini esidala. UNja wakugwinya wakuqeda ukudla.

“Uyazi Nobantu,” kukhonkotha uNja, “ubusuku obuthathu izinsuku zilandelana, ngizame konke okusemandleni ukukufundisa ukuba wumqaphi omuhle, kodwa kubonakala sengathi akukho nhlobo okufundayo. Angicabangi ukuthi uyoke ufunde ukuthi kwenziwa kanjani.”

“Ngeke ngikwazi?” kubuza uNobantu emoyizela.

“Cha, angicabangi kanjalo,” kuphendula uNja. “Inkinga wukuthi ulala ngaphakathi, izindlebe zakho zincane kakhulu, futhi awukwazi ukubona ebumnyameni. Ngakho, nginesu elingcono. Esikhundleni sokuthi mina ngifundise WENA ukuthi ube wumqaphi omuhle, ngingavele ngikuqaphelele iqhugwane lakho. Ukukhokhela lokho ungangondla, unginike umbhede wokulala bese ungenwaya umhlane.”

“Manje uthini-ke mayelana nokudlala?” kubuza Nobantu.

“Ukudlala?” kuhwaqa uNja.

UNobantu wakhombisa uNja ukuthi kudlalwa kanjani ngenduku. Kwakuyisimangaliso!



Ngenkathi sebeqedile, bavumelana ngokuthi uNja uzohlala abe yinja engumqaphi kaNobantu.

Ngenkathi ilanga lishona ngalelo langa, uNja wazumeke embhedeni omncane egcwele ukumamatheka ebusweni bakhe, futhi wawavala womabili amehlo.

Futhi kwenzeka kanjalo ukuthi yena kanye nezingane zakhe, nezingane zezingane zakhe zihlale kanye nabantu, futhi yingakho izinja zingasezona nje izinto zasendle ezizulazula ehlanzeni nezihlala zodwa emihumeni.

Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1. Be a story writer!

1. Cut out the beginning of the story *The traveller's treasure* and paste it on a sheet of lined paper.
2. Use your imagination to complete this story.
3. You might also want to draw pictures to go with your story.
4. Read your story to someone else.

The traveller's treasure

Once upon a time, there was a very greedy man. Although he was very rich, all he ever wanted was more money.

One evening, an old traveller came to the greedy man's door.

"I've been walking all day," the old traveller said. "Please let me rest here tonight."

"Hmmm," said the greedy man. "What will you pay me?"

"I have no money with me," said the old traveller, "but tomorrow I can lead you to a special treasure and share it with you ..."



Yiba ngumbhali wezindaba!

1. Sika ukhiphe isingeniso sendaba ethi *Umcebo womhambi* bese usinamathisela esiqeshini sephhepha elinemigqa.
2. Sebenza ukubona kwakho ngeso lengqondo ukuqedela le ndaba.
3. Ungase futhi ufune ukudweba izithombe ezizohambisana nendaba yakho.
4. Fundela omunye umuntu indaba yakho.

Umcebo womhambi

Kwasukasukela, kwakunendoda eyayiyigovu. Yize noma yayiyisicebi, kodwa yayisafuna enye futhi imali.

Ngelinye ilanga kusihlwa, umhambi omdala wafika ekhaya lendoda eyigovu.

"Selokhu ngihamba usuku lonke," kusho umhambi omdala. "Ngicela nje ukuphumula lapha namuhla ebusuku."

"Hmmm," kusho indoda eyigovu.

"Uzongikhokhelani?"

"Anginamali engiyiphethe," kusho umhambi, "kodwa kusasa ngingakuyisa komunye umcebo wekhethelo bese ngabelana nawe ngawo ..."





2. Bella wants a story!

Bella is in a hurry to get to Gogo's reading club. Help her get there so that she can listen to the story Gogo is reading. Colour in the stars to find the correct path.

UBella ufuna indaba!

UBella ujahile ukufika ethimbeni lokufunda likaGogo. Msize ukuthi afike lapho ukuze alalele indaba uGogo ayifundayo. Faka umbala ezinkanyezini ukuze uthole indlela efaneleyo.



Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** by calling our call centre on **02 11 80 40 80**, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Thintana nathi** ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[f nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your
imagination

